**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KWAMANQAMU KUKANOVEMBA 2016**

**ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA**

**IBANGA LESHUMI (Grade 10)**

**IPHEPHA LESIBILI (Paper 2)**

**AMAMAKI : 70** **ISIKHATHI : 2 amahora**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:**

- Fundisisa **lonke** iphepha ngaphambi kokuphendula.
- Phendula **yonke** imibuzo ekuleli phepha.
- Landela imiyalelo oyinikiwe umbuzo ngamunye.
- Bhala ngesiZulu okuyisonasona nopelomagama olufanele.
- Bhala umsebenzi **ohlanzekile.**

## IMPICABADALA : N.G. DLAMINI

1.Fundisisa isiqephu bese uphendula imibuzo engezansi kwaso **ngemisho ephelele.**

**MaMbedu** : Ngenzenjani? Ngibatshele bobabili? *(Ubitozisa okwexoxo, iphika alimnike thuba.)* Hhayi! Kodwa ngoba okunguNozipho kusewufasimba nje, akuzukuqonda ukuthi ngiqonde ukuthini. Kodwa ngoba impilo iyangehlula bayobuye batshelwe ubani lawa maqiniso? *(Uphefumulela phezulu.)* Ungcono uDelisile useyiqhumamponjwana. Akekho umasiza imihla yami ayisekho. Ukufa kunginqobile, kangibatshele bobabili. *(Uphefumula ngokuphumula. Kungena uNozipho.)* We Nozipho mntanomntanami, awuze lapha.

**Nozipho** : *(Uguqa eceleni kombhede kaMaMbedu.)* Sengifikile gogo, ngingakusiza ngani?

**MaMbedu** : Thatha nantiya i-apula lapho embengeni. *(Ukhomba ngomunwe oqhaqhazelayo.)* Lidle ntombi yami.

**Nozipho** : Ngiyabonga gogo, *(Asukume, athathe ngamawala, alibuke aliphindisele eswacile.)* Uyazi gogo, ithemba kalibulali. Ngisuke ngajabula kakhulu. *(Ngokudangala)* Ngize ngimagange sengibuya ngimabohlo. Bese ngithi nje jabula mphimbo uzogwinya. *(Ngomoya odangele)* Abolile lawa ma-apula gogo. Okwedlulele izinambuzane sezithe mbo kuwona.

1.1.Obani amagama alaba " bobabili" uMaMbedu akhuluma ngabo? (umugqa 1) (2)

1.2. Kukwabani isibongo salo muzi okuxoxa kuwo laba abathathu? (1)

1.3. UMaMbedu uwabiza ngani yakhe la mantombazana axoxa nawo ngokobuhlobo? (1)

1.4. Abephathiswe ubani ama-aphula? (1)

1.5. Bangobani amagama abazali bakaDelisile noNozipho? (2)

1.6. Sizathusini esenza ukuba uDelisile noNozipho bahlale nogogo wabo hhayi abazali?

Chaza ngamaphuzu **amabili.** (2)

1.7. UNozipho ungumntwana ohloniphayo .Vuma noma uphike.Yesekela impendulo yakho ngokusesiqeshini. (2)

1.8. Caphuna izigejana zamagama esiqeshini ezisho lokhu okulandelayo:

1.8.1. UNozipho usemncane akakabi nengqondo ehluzekile. (1)

1.8.2. UDelisile useqala ukuhlosa( ukumila amabele) (1)

1.8.3. UNozipho ubejabulile kodwa wathola ukudumala. (2)

1.9. Bhala izinto ezintathu uMaMbedu aluleka ukuba abazukulu bakhe bazenze empilweni yabo lapho yena ( uMaMbedu) engasekho. (3)

**[18]**

2. Fundisisa isiqephu bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

*(Ekhishini kwaNgqondo, kungena uDelisile, uNgqondo ezihlalele enethezekile.)*

**Delisile** : Yebo-ke mama, waze wanginqumela ogodweni. *(Uyasikhihla.)*

**Ngqondo** : *(Ngokwethuka ubamba imithwalo ephethwe nguDeli.)* Deli, kwenzenjani mntanami? Uphi umkhwenyana?

**Delisile** : Umkhwenyana wani? *(Wesula izinyembezi.)* Angithi uwena owangithwesa ukuhlupheka uphoqa izinto zingafanele. Jabula-ke nansi imiphumela yemfundiso yakho.

**Ngqondo** : *(Ngokukhathazeka)* Khuluma Deli, kwenzenjani?

**Delisile** : UMaqhinga ungixoshile. Uthe usefuna umkakhe. Waze wangiyala mama wangehlukanisa nobaba owayengikhulisa ngeqiniso, engiholela emthonjeni wemfundo engukuphila okungunaphakade. Namuhla ngiyize leze ngenxa yakho mama. Ngiyazisola ngokuhlubuka ubaba.

**Ngqondo** : *(Uyakhala.)* Yini le eyenziwa uDonsa? Hawu! Deli ukungazi kufana nokungaboni. Okusho ukuthi amehlo ami asuke abona kaluvindi. Bengilindele ikusasa eliqhakazile ngawe, Deli. Bengijabule ngithokozile ngokwazi ukuthi ushade nomuntu onesisekelo esihle, kanti ngiyazikhohlisa.

2.1. Ungena eqhamukaphi uDelisile njengoba efika la kwaNgqondo? (1)

2.2. Kungani efika ekhala ? (1)

2.3. Ubani igama nesibongo salo mkhwenyana uNgqondo akhuluma ngaye la? (2)

2.4. Unezingane ezingaki uDelisile njengoba efika kwaNgqondo manje? (1)

2.5. Yini le eyenziwe uNgqondo kuDelisile eyenza uDelisile athi wamnqumela ogodweni?

Bhala amaphuzu **amathathu.** (3)

2.6.Caphuna igama esiqeshini elisho ukungabonisisi kahle, ulibhale phansi. (1)

2.7. Ngokucabanga kwakho uDelisile kwakufanele yini alalele iziyalo zikaNgqondo? Sekela

Impendulo ngamaphuzu **amabili.** (2)

2.8. Ubani igama lenyanga uNgqondo ayekhendle( ayethole umuthi) kuyo? (1)

2.9. Phendula ngokuthi **yiqiniso** noma **yiphutha**

2.9.1. Umngane omkhulu kaDelisile uHleziphi. (1)

2.9.2. Ingane kaMadoda noYodwa uMpiliso. (1)

2.9.3. Isesheli sikaDelisile esasimeshela ngenkani uThemba Khumalo. (1)

2.9.4. UNozipho wafundela ubumeli . (1)

2.9.5. Izingane zikaDelisile amantombazana amane nomfana oyedwa. (1)

**[17]**

**ISAMBA SALE NCWADI : 35**

2.9. Phendula ngokuthi **yiqiniso** noma **yiphutha**

2.9.1. Umngane omkhulu kaDelisile uHleziphi. (1)

2.9.2. Ingane kaMadoda noYodwa uMpiliso. (1)

2.9.3. Isesheli sikaDelisile esasimeshela ngenkani uThemba Khumalo. (1)

2.9.4. UNozipho wafundela ubumeli . (1)

2.9.5. Izingane zikaDelisile amantombazana amane nomfana oyedwa. (1)

**[17]**

**ISAMBA SALE NCWADI : 35**

## UTHANDO LUNGUMANQOBA : MAPHILI SHANGE

3.Fundisisa isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

Wanyonyoba bandla uPhindile sengathi uma ehamba eshesha wayezomvusa kanti wayeselele efile umalume wakhe kwazise wayedakwe ephelile.

Ekuseni esadla uPhindile eselungela ukuya esikoleni, angene uChris ahlale eduze kwakhe.

"Phindile mnta kadadewethu, ngiyaxolisa kakhulu ngokwenzeke ebusuku. Nami angazi ukuthi bengingenelwe uSathane muni. Ngicela uxolo sisi," kuzincengela uChris esedabukisa ungeke usasho ukuthi wuye lowayana obevuke umbhejazane ebusuku.Ukhuluma nje ulokhu ehlikihla izandla engasayibheki nasebusweni ingane. Abone naye uPhindile ukuthi uyazisola ngempela umalume wakhe. Hhayi, kungaba kubi ukumdinelwa ngoba uyasho bandla ukuthi le nto yenzeke ngephutha, futhi kusobala ukuthi ngeke iphinde yenzeke.

"Ngiyakuxolela malume nami nje ngibonile ukuthi ubuwenziwa ile nto obuyidlile, uma nje ungangethembisa ukwehlisa kancane ezinkambeni okuyizona ezikwenzisa izinto ezibhedayo, ngeke ngimtshele u-anti ngokwenzeke izolo."

"Ngiyathembisa mnta kadadewethu. Awu, ngiyabonga ukungixolela kwakho." Asukume uPhindile aqoqe izincwadi zakhe eseya esikoleni ethemba ukuthi umalume wakhe uzwile.

3.1. Obani laba <u>ababili</u> abaxoxa kulesi siqephu? (2)

3.2. Bahlobene kanjani laba abaxoxa lapha? (1)

3.3. Bakuphi nendawo njengoba bexoxa laba? Igama lendawo. (1)

3.4. Yini igama lesikole okwakufunda kuso uPhindile esenabazali? (1)

3.5. Xoxa ukusuka nokuhlala kokwakwenzeke ebusuku bangayizolo lokhu okuxoliselwa uChris kuPhindile.Bhala amaphuzu **amane.** (4)

3.6. Umalume uChris wethembeka esethembisweni sakhe kuPhindile.Vuma noma uphike bese wesekela impendulo yakho. (2)

3.7.Lesi siqephu kulapho kuqala khona udweshu lwale noveli.Fakazela lo mbono ngamaphuzu **Amathathu.** (3)

3.8. Kwakungumabani umalumekazi kaPhindile? (1)

3.9. Kungani uPhindile ayesele yedwa nomalume wakhe ngalolu suku? (1)

3.10. Sisho ukuthini lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenziswe esiqeshini.

**......obevuke umbhejazana....** (2)

**[18]**

4.Fundisisa isiqephu bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

"Phindile, njengoba sengicele ukuba sihlale ndawonye nje yingoba ngikukhombisa ukuthi ngikuthanda ngempela."

"Ngiyabonga s'thandwa sami, kangazi ukuthi ngingachaza ngithini."

"Kuningi-ke esengikuhlelile mayelana nekusasa lethu. Uyazi nawe ukuthi ngiyafisa ukuthi uyiyeke impilo obuyiphila."

"Sengiyiyekile sthandwa sami. Selokhu ngathandana nawe nje angiphinda nga...." Kufike izinyembezi ahluleke ukuqhubeka.

"Ngiyazi s'thandwa. Ngifuna ungaphinde ubuyele kuyo. Esizoqala ngakho nje ngukuthi kuzomele sizame indaba yokuthi uye koqedela izifundo zakho zebanga leshumi laphayana eFutura High School ngase-ML Sultan Technikon ngonyaka ozayo." Kuthi akandize uPhindile uma ezwa lezi zindaba.

"Ngingajabula kakhulu s'thandwa sami. Kodwa uzophela nini nje lo nyaka ngiye koqala izifundo?"

"Usuyaphela vele, sekumele sicimeze isikhashana nje. Uzobona sekuwuJanuwari khona manje nje. Enye into futhi *baby* kuzomele ngoLwesihlanu siye ekhaya eMbali ngiyokukhombisa umama nabakithi."

"Useyazi ngami?"

4.1. Ubani igama lesithandwa sikaPhindile axoxa naso la ? (1)

4.2. Ubephila yiphi impilo uPhindile le athi useyiyekile? (1)

4.3. Uzoziqedela kusiphi isikole uPhindile izifundo zebanga leshumi? (1)

4.4. Bahlangana kanjani uPhindile nalesi sithandwa sakhe. Bhala amaphuzu **amathathu.**(3)

4.5. Uthole sifundosini kule noveli uma ubhekisela empilweni kaPhindile? Sekela ukuthi kungani wena uthole leso sifundo. (3)

4.6.Khetha impendulo okuyiyonayona kulezi ozinikiwe bese ubhala **uhlamvu kuphela** oluhambisana nempendulo oyikhethile.

4.6.1.UPhindile watholwa u..... egalaji ngesikhathi ebaleke ekhaya.

A. Lindi

B. Mumsy

C. Buyi (1)

4.6.2.Isoka likaLindi ayehlala nalo efulethini u.....

A. Melusi

B. Menzi

C. Muzi (1)

4.6.3. UPhindile nabangane bakhe babedayisa umzimba e....

A. Kilarney

B. Kilimanjaro

C. Everest (1)

4.6.4. Kubo kaThulani kuse......

A.Mbali

B.Sobantu

C. Mlazi (1)

4.6.5.Igama lentombi kaThulani eyayiwumhlengikazi u.....

A.Zinhle

B. Mabusi

C. Bongiwe (1)

4.7. Phendula ngegama elilodwa noma amabili

4.7.1 Ubani isibongo sikaThulani? (1)

4.7.2. Ifulethi likaMumsy lalikumuphi umgwaqo EThekwini? (1)

4.7.3.UThulani noPhindile balichitha kuyiphi iphrovinsi yaseNingizimu Afrika iholide Labo lasemva komshado? (1)

**[17]**

**ISAMBA SESIQEPHU B:35**

**ISAMBA SESISONKE :70**